


UNKULUNKULU EZIKHOMBA

YENA UQOBO NGEZIMILO ZAKHE

 Bengingathi ngimangele ukubona umngane wami, uJoseph Boze, lapha, futhi ngiphenduke njalo ngasengithatha isikhathi esilutshwana ukuxhawula isandla sakhe.

² Kasiphendleni khathesi eLizwini likaNkulunkulu, kumaHebheru, isahluko 1. Ngifuna ukubala, okwengxenye, elokuqala, elesibili, lelesithathu ivesi, ukuzuza isihloko sobusuku.

UNKulunkulu, ngezikhathi zakudala langendlela ezinengi wakhuluma ngezikhathi ezedluleyo kubokhokho ngabaprofethi,

Ngalezizinsuku zokucina ukhulume kithi ngeNdodana yakhe, ayibeka ukuba yindlalifa yezinto zonke, owadala ngayo futhi imihlaba;

Yona eyikubenyezela kwenkazimulo yakhe, lomfanekiso uqobo sokuba nguye kwakhe, njalo ithwele izinto zonke ngelizwi lamandla ayo, lapho isiyenzile. . . yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu;

³ Masikhothamise amakhanda ethu khathesi ukuba sikhuleke. Futhi khathesi sisebuKhoneni Bakhe obuNgcwele, nxa ulesicelo loba yisiphi lesi ongathanda ukuba sazakale Kuye, ungaphakamisela phezulu isandla sakho, futhi yiso isicelo sakho, ukuthi uNkulunkulu uza. . .

⁴ Baba wethu oseZulwini, siyabuya khathesi phambi kwesihlalo Sakho, ngokukholwa ngeBizo likaJesu Khristu, iNdodana Yakho. Futhi sinikiwe lesi isiqiniso, ukuthi, “Uba sicela loba yikuyini ngeBizo Lakhe, sizakuphiwa.” Futhi Wena uyazi izifiso zethu njalo lezidingo zethu, njalo Wena uthembisile ukuthi Uzakupha konke lokho esikudingayo. Ngakho, Baba, siyathandaza njengoba Wasifundisa, “UMbuso Wakho mawuze. Intando Yakho mayenziwe emhlabeni, njengoba kuseZulwini.” Ukuze isicelo sethu, ngobusuku balamuhla, kungaba mayelana lesifiso Sakho ukusipha sona, futhi siphe lawa amalungelo. Gcoba iLizwi, Nkosi, futhi zonke izikhulumi njalo labalaleli, futhi uMoya oNgcwele makangene abengumenzi weLizwi, kulobubusuku, phakathi kwethu. Ngoba sikucela ngeBizo Lakhe. Amen.

Lingahlala phansi.

⁵ Kusasa ekuseni, ngiyaqedisisa, yikudla kwasekuseni kwamaDoda angosomaBhizimusi beFull Gospel.

Ngokujayelekileyo, lapho belomhlangano wezikhulu zesonto, ngilethuba elihle lokukhuluma ekudleni kwabo kwasekuseni. Kuzekube yilesi isikhathi, yiyo kuphela inhlanganiso, kungayisiyo inhlanganiso, kodwa, iqembu kuphela lelo engi—engingena kulo, ngoSomaBhizimusi bamaKhristu. Futhi khathesi ngiyabakhulumela, ndawozonke jikelele.

⁶ Khathesi, ngalobubusuku, siyathemba ukuthi lumbuthano awusoze ube yize. Ngize kini, ngidiniwe, umphimbo ohelezayo, futhi ngithole ibronikali e . . .

⁷ Ngivela eTucson lapho khona kuhle futhi komile, njalo ngiyabuya lapha kuhle futhi kumanzi, ngakho kulokuphambana. Nxa lilamanzi wonke lapho, nxa lingawathumeza kithi, singakuthakazelela lokho. Kodwa lingeke lakwenza lokho, yebo kunjalo.

⁸ Kodwa ngiyalitshela into eyodwa, kulomfanekiso lapho. Zonke ezethu—ezethu—ezethu izinto eArizona, izihlahla zethu, zigwele okuhlabayo. Yonke into ilameva. Kungoba kuwomile. Khathesi nxa leso sixuku sinye singakhula lapha, singaba lihlamvu elihle elithandekayo. Bona, kalilamanzi, yiso isizatho lisiba ngameva.

⁹ Futhi nxa ibandla lisiba ngelingelaManzi okuPhila, liba ngelomileyo futhi liyahlabana, futhi, lihlaba ligwaza yonke into. Kodwa lapho okugeleza khona amanzi okuPhila, kuyavula ihlamvu futhi kulenze libe buthakathaka, lithambile njalo libukeka, lingwele futhi lisemukeleka kuNkulunkulu. Ngakho iNkosi uNkulunkulu kasithezezele, kulobubusuku, ukuze singabi ngameva; kodwa sibe ngamahlamvu amahle ukuze abantu abalahlekileyo bahlale ngaphansi kwesihlahla somthunzi wethu futhi bazuze ukuphumula emiphefumleni yabo.

¹⁰ Khathesi ngifuna ukuthatha isihloko, kulobubusuku, nxa iNkosi ithanda, futhi ngiyadonsa leyi imayikhrofoni encane ngakho konke ukusondela engingakwenza, ngenxa yokutsha kwelizwi. Ngiyafuna, kusuka ekubaleni lapha kumaHebheru 1:1, ngifuna ukuthatha isihloko sokuthi: *UNkulunkulu Ezikhomba Yena Uqobo Ngezimilo Zakhe*. Mangiphinde futhi lokho, ngoba ngiyazi ukuzwakala kwamazwi kubi lapha. UNkulunkulu uzikhomba Yena uqobo ngezimilo zezimo Zakhe.

¹¹ Khathesi, phose yonke into ikhonjwa ngezimilo zayo. Futhi ngilemiBhalo emilutshwane lapha leyo enginga . . . lamanothi, lawo engingathanda ukuthathela kuwo. Khathesi, isimilo sesimo sento yonke siyakhomba ukuthi iyintobani.

¹² Khathesi, njengasemvelweni yonke, amaluba ayakhonjwa, izikhathi ezinengi, ngezimilo zezimo zawo. Nxa efanana khakhulu, olunye uhlobo kusiya kolunye, isimilo saleloluba siyakhomba ukuthi liluba bani. Futhi lasempilweni yeganga, izikhathi ezinengi . . .

¹³ Ngi—ngingumzingeli. Futhi kumele wazi isimilo saleyonyamazana oyizingelayo, kumbe ngezinye izikhathi ungakhohliseka sibili. Njengalokhu, njengeMvu yasemaTsheni phezulu le eBritish Columbia. Ngangiphansi nje kwe Yukhoni lesi isikhathi sekwindla esedlulileyo, abazalwane ababili lapha khathesi babelami, futhi sasizingela.

¹⁴ Khathesi nxa ubungazi umehluko, lapho ulonda umkhondo wemvu kumbe inyamazana elempondombaxa, ubungeke ubone umehluko ngaphandle ungumzingeli ohlakaniphileyo. Ngoba, zenza umkhondo ofananayo; ziyeqa nxa zibaleka. Futhi uyabona eyodwa imi khatshana, ifihle ikhanda layo, ini, u—ungeke ubone umehluko. Ziphose zifanane ngokulingana; ingxenye yesinqe, simhlophe, jengenyamazana elempondombaxa. Kuba nzima ukuzehlukanisa. Kodwa impondo zayo ziyakhomba isimilo sesimo sayo, ngazo lezompondo. Imvu ilophondo olutshileneyo, yinyamazana empondombaxa ilezimbhaxa eziphumele phandle. Futhi eyinye into, yinyamazana elempondombaxa ayingeke iyephezulu kangaka, ukuyakudla.

¹⁵ Futhike imbuzi, iyahamba, futhi, kulesimilo sesimo embuzini, lemvu, okuthi umele wazi umehluko phakathi kwazo, lapho uphezulu kakhulu, ngoba zonke zihlala phezulu entabeni. Kumele wazi umehluko. Kodwa ungananzelela, i—imbuzi iyakhubeka lapho ihamba; kanti, imvu iyahlalisa unyawo lwayo *kanje*, lapho ihamba. Isimilo sesimo sendlela esenza ngayo umkhondo wayo. Ukhomba inyamazana yakho ngesimilo salokho ekwenzayo, futhi lokuthi yenza njani, lokuthi idlani, lakhokonke. Izikhomba yona ngesimilo sayo. Futhi ungeqa eyodwa, futhi ukhangele ukuthi kwenzakalani, uyabona indlela ezihamba ngayo. Uyabona ngesimilo senyamazana etshiyeneyo.

¹⁶ Ngakho wake wananzelela, kangikwazi ukuba lilazo yini lapha kumbe hatshi, izinyoni amayelohama ezifanana lomasiqoqodo; yebo, ukubhamuzela libizo elizifaneleyo, futhi uhlobo lwenyoni embalambala etshweketshwezayo kakhulu. Inyoni embalambala etshweketshwezayo kakhulu iyaphose ilingane lomasiqoqodo oiyelo. Futhi uzibona ziphapha zombili, zonke ziphose zibe ngumhlobo munye wenyoni. Nxa ungaboni umbala, kodwa zikhangele nje, ungatsho ukuthi umasiqoqodo oiyelo yisiphi. Inyoni embalambala etshweketshwezayo kakhulu iyaphapha, phose nje, iqondile. Kodwa umasiqoqodo oiyelo, elengisa impiko zakhe; lapho ephaphisa impiko zakhe, uyayehla phansi futhi aye phezulu, ayehle futhi ayephezulu. Uyabo, uyazenza etshoke, *njengalokho*, futhi ungatsho yiso isimilo sikamasiqoqodo, indlela aphapha ngayo.

¹⁷ Nxa unanzelela i—isagwaca nxa siphuma, indlela esiqansa ngayo. Futhi ukhangele nxa usexaphozini, okungaba lezagwaca, njalo futhi—futhi isagwaca esilomlomomude. Lina bazingeli liyakwazi lokho. Isagwaca iWilson lesagwaca ijack, zizikhomba ngendlela eziphuma lezihamba ngayo. Ziyakhomba indlela yazo

yokuphapha, ukuthi ngumhlobo bani wenyoni. Ngakhoke, nxa usanda kuzizwa, ungatsho nje ukuthi bekuyiphi, ngendlela ephume ngayo, ukuthi iyini, ngesimilo sokuphapha kwayo.

¹⁸ Njengendoda futhi lomfazi. Bonke bangabantu, kodwa umfazi ulesimilo esahlukileyo kulesendoda. Ngangibala lapha, ngesinye isikhathi esedluleyo, mayelana loSolomoni lenkosikazi. Kangizange ngenelise ukutshumayela uMbiko wami omncane lapha, kini, mayelana lenkosikazi yaseNingizimu, isiza izobona uSolomoni, futhi ebona lesosipho sokudalula. Ngangibala ngalokho, lapha kungasikude, futhi bathi, ukuthi, “Enye yezindida eyabekwa phambi kukaSolomoni, yayi, linkosikazi yathatha umfazi, kumbe abafazi, ngizamukutsho, futhi wabagqokisa njengamadoda.”

¹⁹ Khathesi, lokho kwakungaziwa ngalolosuku, kodwa ngempela kuphelele konke ngakho okutsha, lamuhla. Futhi—futhi uyakwazi ukuthi akulunganga. IBhayibhili lathi umfazi kamelanga akwenze lokho. “Kuyisinengiso ukuba umfazi agqoke isambatho esifana lesendoda.” Futhi uNkulunkulu ongaguqukiyo wakatsho lokho, ngakho kuliqiniso.

²⁰ Ngakho siyafumana ukuthi uSolomoni, esabakhangelana, wabenza bahamba kumbe benza olunye ulutho, futhi masinyazana wathi, “Ngabafazi.” Bona, wayekwanisa ukutsho ngesimilo salowomfazi, indlela azibamba ngayo, ukuthi wayengumfazi futhi ngesiyo indoda.

²¹ Futhike phose yonke into ngaleyo ndlela, kanye lesimilo sayo. Njengabantu abanengi banxele, futhi labanye basebenzisa esokudla. Yizimilo zezimo zendlela abazibamba ngayo. Uyakwanisa ukutsho ukuba ngumuntu osebenzisa esokunene kumbe osebenzisa esokhohlo, ngendlela abazibamba ngayo, ngendlela abemukela ngayo izikhathi zonke ngaleso sandla senxele kumbe esokudla.

Futhi khumbula, uJesu wayelento enjengaleyo, ukuba . . .

²² Izandla ezimbili ziphose . . . Ziyafanana. Zilokudinda kunye kwesithupha, ukudinda kunye kweminwe, iminwe emihlanu; ucilicane, umunwe okhombayo, futhi lakho okunye. Njengoba isandla sokunene futhi lesandla sokhohlo zileminwe efananayo, ngokuvamileyo, isandla sinye esilinganayo, kuyafana xathu. Futhi umehluko kuphela okhona, phakathi kwazo, yikuba esinye ngesokhohlo lesinye ngesokunene. Yiwo kuphela umehluko ongawutsho. Esinye ngesokhohlo, lesinye ngesokunene.

²³ Ngakhoke kulokho, uJesu wathi . . . Ngingaphosela umcijo omncane lapha. UJesu wathi, kuMathewu 24, ukuthi, “Izimilo zezimo zoMoya sizakuba sengathi ziyafanana ngensuku zokucina, ziyabe zifanana okokuthi kungakhohlisa abakhethiweyo uqobo aluba kwakungenzeka.” Bona, bayakuba nje . . .

24 Thatha isandla sakho usiphakamisele phezulu. Bona, nxa ungananzeleli, esinye sazo sifanana lesinye, ngendlela zonke, kodwa esinye sazo ngesokhohlo lesinye ngesokunene.

25 Yiyo indlela imimoya eyikho ngosuku lokucina. Sengathi iyafanana, kodwa ilesimilo sesimo ezikhombayo. Omunye uqondile, lomunye awuqondanga, futhi uyakhonjwa ngesimilo sesimo sawo.

26 UMoya kaNkulunkulu ukhonjwa ngesimilo sesimo Sawo. Bona? UMoya kaNkulunkulu, futhi lomoya wesonto. Kulomoya wesonto, loMoya kaNkulunkulu ngempela ongafanani lomoya wesonto, lakancane.

Kulomoya wenhlanganiso yesonto.

27 Kulomoya wesizwe. Kulomoya welizwe. Lonke ilizwe, lapho ngisiyakhona, uyangena lapho, uyafumana umoya owahlukileyo. Ngaya eFiniland, abantu abahle, kodwa kwakulomoya wamaFini. Ngingaya phansi le eGermany, kulomoya wamaGerman.

28 Lapha kungesikude, ngangihamba lonkosikazi, lapho sisahlala eIndiana, iminyaka emibili edluleyo, ngale esupamakethi encane. Ngangsanda kufika ekhaya. Kwakumele sihambe siyedinga ukudla. Futhi ngisendleni yami khonale, thina...Kwakuyisikhathi sehlobo, ungeke ukukholwe, kodwa safumana inkosikazi eyayigqoke isigqoko. Futhi kwakumangalisa, nga...Kwangethusa. Nga—ngathi, “Khangela laphaya, lokho kukhanya kumangalisa, lowomfazi ugqoke isigqoko.” Inengi labo babegqoke izigqoko ezazinga... ezazingafanelanga kowesifazane. Futhi—futhi wathi... Ngathi, “Phela, lowo nje ngumoya weMelika, bona, umoya weMelika.”

29 Khathesi, umoya weMelika, kuyi...kumele kube yilizwe lesiKhristu, kodwa umoya walelizwe awusowesiKhristu. Lingabizwa ngokuthi ilizwe lesiKhristu, kodwa liyisigidi samamayila khatshana lakho, ngesimilo. Ngakho, lumfazi, Ngathi...

Wathi, “Phela, asisibo abaseMelika?”

30 Wathi, ngathi, “Hatshi. Sihlala lapha. Leli yilizwe lethu. Si—si—sihlala kulo. Siyalithanda. Yilizwe elihle kakhulu emhlabeni. Kodwa, loba kunjalo, asisibo beMelika.” Ngathi, “Sizelwe kuvela Phezulu. UMoya oNgewele wehla phansi, futhi singaboMbuso. Kawusiwo walumhlaba.” Ngathi, “Yiso isizatho sokuba odadewethu bagqoka izigqoko, bagcina inwele ezinde, kabacombi ubuso babo. Bona, izimilo zezimo zabo ziyabakhomba njengaba ‘bangewele eNkosini,’ kuvela Phezulu.”

31 Ngakhoke, sidinga uMbuso. Sidinga iNkosi ukuba ize futhi yamukele amalunga Ayo eMbusweni Wayo. Futhi bakhonjwa ngezabo—ngezabo izimo zezimilo, ukuba amagugu abo awasiwo alumhlaba kumbe awaleli ilizwe.

Angawaphezulu, eNkazimulweni. Ngakhoke, bona, “Bona badinga iDolobha uMakhi lo Menzi Walo nguNkulunkulu.” Bayaziwa ngokupheleleyo.

³² Ngifisa ngabe ngilephimbo eleneleyo ukutshumayela kini ngobunye ubusuku. Kodwa ngi—ngiyacezuka kulokho. Khathesi, kukhonjiwe ngezimilo zaso.

³³ Sifumana umzekeliso omuhle lapha ngesikhathi sakoIsirayeli, beza elizweni lesithembiso. Futhi uNkulunkulu wayebabizile mayelana ngesithembiso Sakhe. Watshela uAbrahama ukuthi, Yena wayezaku . . . inzalo yakhe yayizakuba kuleli ilizwe elingasilo labo, okweminyaka engamakhulu amane, njalo wayezakumkhulula Yena ngesandla esikhulu esilamandla, futhi babezakuya elizweni, ngalokho, wathenjiswa, laligeleza ngochago langoluju. Futhike lapho isikhathi sesithembiso sisondelela, kweza u—uFaro owayengaqapheli inkonzo enkulu kaJosefa ayelayo phakathi kwabo.

³⁴ Futhi, lokhu, UNkulunkulu wavusa umprofethi othiwa uMose. Futhi lindoda yayifundisiwe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Kungelakuthandabuza ukuba waye eyindoda elamandla, ekhaliphileyo, ehlananiphileyo, ngoba wayesenelisa ukufundisa amaGibhithe ukuhlakanipha. Kwakhangeleka sengathi yindoda efa—efaneleyo ukuletha inkululeko.

³⁵ Kodwa, uyabona, lokho esikubiza ngokuthi inkululeko, lalokho uNkulunkulu akubiza ngokuthi inkululeko, kulokwehlukana.

³⁶ Khathesi khangela lindoda lezindlela zakhe zonke ezilungileyo. Wakwazi ukuthi wazalelwa ukukhulula abantwana bakoIsrayeli. Kodwa, kukanye lemfundo yakhe yonke, yikho kuphela ayekwazi, futhi lokwazi ukuthi wayebizwe nguNkulunkulu ukwenza umsebenzi, wayelakho konke okwakhe . . . Wayele Barchelor ye Art yakhe, futhi le Ph. D., yake, le LL.D., njalo lakho konke. Futhi waphuma ukuyakhulula uIsrayeli, njalo waba liphutha eligcweleyo.

³⁷ Khathesi khangela, kwakhangeleka ingathi, yena unyawo lwakhe solusesihlalweni eGibhithe, ukuba nguFaro, ukuba wayengakhulula abantwana bakoIsrayeli ngemva kokuba esebenguFaro, ngoba nguye owayelandela ukuba sesi—sesihlalweni. Kodwa, uyabona, ukuthi, ukukwenza ngaleyo ndlela, kwakungasoze kukhombe izimo zezimilo zikaNkulunkulu ekukhululeni abantu Bakhe.

³⁸ Wathi Yena uzakubakhulula. Yena uza “kubakhulula ngesandla esikhulu,” hatshi uMose ngebutho elikhulu, kodwa uNkulunkulu ngesandla esikhulu.

³⁹ Sifumana ukuthi lumprofethi wabaleka futhi wabasehlane okweminyaka engamatshumi amane. Kwathatha uFaro iminyaka engamatshumi amane ukuthi agqibe imfundo

phakathi kwakhe, njalo kwathatha uNkulunkulu iminyaka engamatshumi amane ukuyikhupha kuye. Ngakho siyafumana, ngelinye ilanga, ukuthi yena, ngasenhla kwenkangala, wahlangana leNkosi uNkulunkulu esihlahleni esasisitsha, ngesimo seNsika yoMlilo ihlezi esihlahleni. Futhi wacelwa ukukhumula izicathulo zakhe, ngalokho, umhlabathi ayemi kuwo wawungewe. Khathesi khangela lindoda eyaye ikahle, ilolongekile, ifundile, lokho ibenjalo, khangela ukuguquka kwezimilo zakhe ngemuva kokuba esehlangane loNkulunkulu. Wenza okudlulisileyo . . .

⁴⁰ Ngezinye izikhathi uNkulunkulu wenza izinto ngendlela elula, futhi ngendlela yobuwula, ngendlela yokucabanga kwenyama. Nanzelela indoda eyaye iyikwehluleka okugcweleyo; elamabutho wonke amaGibhithe lakho konke okwakumzungezile ukwenza intando kaNkulunkulu, kanye lemfundo yakhe yonke, eseminyakeni engamatshumi amane ubudala, ebutsheni bakhe. Nangu lapha yena, eleminyaka engamatshumi ayisificaminwembili, ngokusa okulandelayo, Kanye lomkakhe ehlezi phezu kwembongolo, ebhabhule omncane emhlane, futhi lentonga esandleni sakhe, esehla esiya eGibhithe, ukuyathumba. Ukhuluma ngento ekhanya iyinhlekisa! Kodwa lokho kwakuyikubonakalisa izimilo zezimo zikaNkulunkulu, ngokuba wayelendoda Yena owayengakholwa iLizwi Lakhe. Yikho kuphela. Into yangakhona yaye iyi, ungakhumbula ukuhlasela komuntu munye esiya eGibhithe, lapho, ibutho laselehlulekile? Kodwa kwakuyini? Isimilo sakhe, amaqhinga akhe ayeseququkile. Waye ehamba ngeBizo leNkosi, “NGIYIMI LOWO ENGIYIMI.” Into yakhona kwakuyikuba, wathumba. Wakwenza, ngoba waye ehamba ngaMandla eNkosi.

⁴¹ Esendleleni yakhe, ekhokhela uIsrayeli emkhupha esiya elizweni lesithembiso, wahlangana lomfowakhe, umfowakhe oyinhlanganiso yesonto, uMowabi. Khathesi, uMowabi, ngitsho lakancane, ukuba ngamahedeni. Labo kwakungabantwana bamadodakazi kaLothi. Omunye wabantwana babo waye—wayeveze uMowabi.

⁴² Khathesi, phezulu le, ngifuna linanzelele lezi izizwe ezimbili, ngomehluko. Nansi lapha iGibhithe, okuncane, kuhlakazekile ndawozonke, kungelalizwe lokuya kulo, kungelazikhulu kumbe kungelankosi, kumbe ulutho, kumbe loba yizikhulu phakathi kwabo, kuphela nje abantu besendleleni yabo besiya elizweni lesithembiso. Futhi lapha babemele badlule elizweni likaMowabi. Lokho kwakusendleleni yesithembiso.

⁴³ Njalo uMowabi, futhi, babengamakholwa kuJehova, futhi babelomprofethi. Njalo uIsrayeli wayelomprofethi. Bonke babo babelabaprofethi.

⁴⁴ Futhi khathesi nanzelela, babefike endaweni yokuba umprofethi wesizwe esihleliweyo wayesehla esiza ukuzoqalekisa

lesi esinye isizwe, ngoba sasiluzulane, singela ndawo ethile yokuhlala. Ngakhoke behla besiza.

Futhi khangela labo abaprofethi ababili: Nxa kusiza ekukhulumeni ngokwesisekelo, bonke babeqondile xathu. Ngoba, nanzelela, uBhalamu, ubhishopi, wamtshela yena, “Khathesi, lingakhele amalathi ayisikhombisa.”

⁴⁵ Isikhombisa yinombolo epheleleyo kaNkulunkulu, imela iZizukulwane zamaBandla ayiSikhombisa, insuku eziyisikhombisa zendalo, lakho okunye. Khathesi nanzelela, sikhombisa, uNkulunkulu upheleliswa ngokwesikhombisa.

⁴⁶ “Amalathi ayisikhombisa, futhi laphezu kwelathi linye beka i—inkunzi.” Khathesi yiyo ilathi yinye efanayo xathu ababelayo phansi le enkambeni yakoIsrayeli. Nampo phansi le koIsrayeli, belalathi linye ababelalo ngaphezulu lapha; kanye lelathi linye elifanayo ababelalo ngaphezulu lapha; futhi lomhlatshelo ofanayo, inkunzi lenkunzi; umprofethi lomprofethi. Izizwe ezimbili, ezingafananiyo.

⁴⁷ Umzekeliso opheleleyo wosuku esiluphilayo, aluba sasilesikhathi ukungena kukho. Nanzelela, uNkulunkulu esenza lokhu ngomfanekiso, ukuze sikufumane, ukukulinganisa.

⁴⁸ Khathesi, futhi, uBhalamu wafuna inqama kulathi ngalinye. Lokho kwakukhuluma ngokholo lwakhe kuMesiya owayesiza. Inqama, imvu enduna, yiwo umhlatshelo ababelawo ofanayo ababelawo koIsrayeli; phansi le enkambeni yakoIsrayeli, phezulu lapha nge—koMowabi. I...Ngokwesisekelo, bonke babeqondile, kodwa, nanzelela, ngokwesisekelo emfundisweni.

⁴⁹ Kodwa omunye umprofethi phansi le enkambeni yakoIsrayeli wayezimilo zikaNkulunkulu futhi leLizwi likaNkulunkulu. Wahlala lesithembiso sikaNkulunkulu salesosizukulwane, ngoba wayesindleleni esiya elizweni lesithembiso. Bona?

⁵⁰ Khathesi, mayelana lengxenywe ngokwesisekelo, uBhalamu, uBhalaki wayesaziwa nje njengoMose.

⁵¹ Kodwa, uyabona, uMose, engumprofethi oqondileyo kaNkulunkulu, wayengela zingxenywe zesisekelo, kodwa wayezinkomba zikaNkulunkulu. Bona, wayesindleleni yomsebenzi, khonokho nje okwakuthenjiswa leso sizukulwane; kungesikho isizukulwane sikaNowa, kodwa okwaleso sizukulwane esasikhona. “Ngizalihambisa elizweni eligeleza uchago loluju.” Babesindleleni yabo, futhi uIsrayeli wakhonjwa lomprofethi wabo, uMose, kanye loMbiko walesosizukulwane. Izimilo zikaNkulunkulu zikhonjiwe kuMose. INsika yoMlilo yayimlandela. Futhi wayelokubuyisana ngokwenza; hatshi ngokukhuluma ngakho, kodwa elakho ngokwenza. Hatshi lokho okuzakubakhona; lokhu okukhona khathesi!

⁵² Nanzelela, wayelenyoka yethusi leyo eyayiphakanyisiwe ngenxa yokugula lezifo zabantu, ngakhoke uMose wayesebenzisa ukusiliswa ngokukaNkulunkulu. Wayelokubuyisana, inyoka yethusi, kufanisa ukuthi uNkulunkulu wayesenkambeni, futhi labantu babekhangele kuleyo nyoka yethusi futhi besiliswa.

⁵³ Futhi yena wayele Dwala elitshayiwewo limlandela. Futhi lokho kwakukhomba uNkulunkulu, ukugcina Amanzi okuPhila phakathi kwabo, intokozo lensindiso, ukuba bangabhubhi kodwa babe leMpilo engapheliyo. Kwakungumfanekiso we... Lelo Dwala elatshaywayo ehlane lalingumfanekiso kaKhristu etshaywa.

⁵⁴ Ngakho, babehamba emzileni wesithembiso. Lokho kwakungokunye ukukhomba, ekutshengiseni isimilo sikaNkulunkulu. Kungelani lokuthi lowu omunye wayesesisekelweni esingakanani leLizwi; waye lobusekelo, kanye lenkomba, futhi lesimilo sikaNkulunkulu phakathi kwabo. UNkulunkulu wazikhomba Yenangokwakhe. Abaphrofethi ababili, bobabili bengabaphrofethi, futhi bobabili besesisekelweni; kodwa uNkulunkulu wakhomba izimilo Zakhe kuMose, ngoba wayelezimilo zikaNkulunkulu kanye laye.

⁵⁵ Khathesi, njalo, izimilo zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo, ngoba Yena ungaphezu kwemvelo. UNkulunkulu ungaphezukwemvelo. Akujwayelekanga, izikhathi zonke, ngokucabanga kwendlela yesimanjemanje. Uyakwazi khona lokho. UNkulunkulu uhlala egenqula amacebo, ama—amaqembu ezenkolo kuzozonke izizukulwane ezedluleyo.

⁵⁶ Akula ngitsho isikhathi esisodwa lapho umuntu kumbe iqembu labantu lapho abake bazihlela ndawonye phezu kombiko kodwa bahle bafa njalo baya eshelufini, futhi kabazange baphinda bavuka futhi. Akula mbali. AmaLutheran, amaPresbyterian, amaMethodisti, amaBaptisti, amaPhentekosti, futhi lokunjalo, kabazange bavuke futhi, lapho beqala ukuKwenza iqembu.

UNkulunkulu usebenza lomuntu omunye ngamunye.

⁵⁷ Nanzelela, Yena kajayelekanga kangako ngendlela yokucabanga. Bona, siyacezuka ngenjayelo, futhi kumele sikukholwe Khona *ngale* indlela. Futhi njalo uNkulunkulu uyabhoda abuye leLizwi Lakhe lelo alithembisileyo Yena, futhi azikhombe Yena uqobo kulolelo iLizwi. *Leli* iqembu alikwanisi ukungena Kulo, ngoba kalikholwa Kulo. Bona, selizehlukanisile Kulo.

⁵⁸ Njengo Josefa, waye eyindodana kaDavida, futhi eyindoda elungileyo, uJosefa indoda kaMariya. Waye eyindoda elungileyo, futhi kungelakuthandabuza wayefunda iBhayibhili, imiqulu, kokuphela, ngoba...futhi wayekhangele uMesiya ukuba

aze, futhi wayemele abekwazi lokho uMbhalo owakutshoyo okwakuzakwenzeka. UIsaya wathi, “Intombi izakhulelwa.”

⁵⁹ Awu, khathesi, wayehamba lale inkazana, uMariya, mhlawumbe eleminyaka elitshumi lesificaminwembili ubudala, futhi yena mhlawumbe wayemdazana. Futhi lapho bemiselene ukuthathana, uyatshengisa ukuba ngumama. Khathesi lokho kwakunzinyana kuJosefa ukuba akwamukele. Kungelakuthandabuza ukuba uMariya wamtshela ngokuvakatsha kukaGabriyeli. Kodwa siyananzelela, indlela isimilo sakhe esasimkhokhela ngaso, wakuthandabuza.

⁶⁰ Khathesi wafunyanwa ukuba ngumama bengakatshadi. Futhi, eBhayibhili, lesosijeziyo yikufa, ngokukhandwa ngamatshe. Umfazi ongatshadanga esiba ngumama, wayekhandwa ngamatshe. Kwakungelabuwule koIsrayeli. Kwakukhutshelwa phandle. Ngakho siyafumana, kuDutheronomi, kuyasitshela lokho.

⁶¹ Khathesi siyafumana ukuba, uMariya, kukhangeleka sengathi wayezama ukusebenzisa uJosefa ukuba lihawu lakhe nje ngesenzo ayesenzile. Ngoba, nxa wafunyanwa esengumama kudala bengakatshadi, ngakho kumele akhandwe ngamatshe, njalo kumele abe lomunye khathesi owayezakuma njengehawu lakhe. Futhi lokho kwakhangeleka, konke, sengathi yikho ayezama ukukwenza.

⁶² Kodwa uJosefa ekhangele emehlweni akhe amakhulu amahle, futhi wayesithi, “Josefa, uGabriyeli uthe kimi, ‘UMoya oNgcwele uzakukwembesa, futhi leyi Into ezakukhulelwa phakathi kwakho—phakathi kwakho ngekaMoya oNgcwele. KunguNkulunkulu. Yikho Okuzakubizwa, i “Ndodana ka Nkulunkulu.”’” Njalo, uJosefa, waye—waye—wayefuna ukukukholwa lokho, kodwa kwakungajayelekanga kangako. Lokho kwakungakaze kwenzakale ekuqaleni.

⁶³ Futhi yiyo indlela nje lamuhla. Nxa singa kuphela... Nxa ngangilenye indlela yokwenza abantu babone ukuthi ukungajayeleki kwalobo yikuyini, nxa kukhonjwe yiLizwi, ngakho izimilo zakho ziyafakaza ukuthi kuyini. NguNkulunkulu esenza.

⁶⁴ UJosefa wayemele wabakwazi lokhu. Wayemele wabakwazi, “Intombi izakhulelwa.” Kodwa wayeqotho ngakho lokho. Wayengafuni ukumlahla, ngasese, kodwa waye—wayecabanga ngokukwenza.

⁶⁵ Futhike iNgelosi yeNkosi yabonakala kuye ngephupho. Sewake wamangala kungani wabonakala ngephupho? Kwakungelabaphrofethi ngalezonsuku. Iphupho labo lalilula, lalingadingi ingcazelo. Wathi, “Josefa, wena ndodana kaDavida, ungesabi ukuzithathela uMariya umkakho, ngoba lokho okukhulelwe phakathi kwakhe ngokukaMoya oNgcwele.” Bona, ngakho, lokho kwathulisa konke. Bona, Weza kuye ngephupho,

indlela yesibili. Kodwa, uyabona, kwakungela mphrofethi lapho ukukhomba leloLizwi, ukuthi, “Leyi yiyo intombi ezakhulelwa.” Bona? Ngakho, ngakhoke, Yena wabonakala kuye ngephupho, ngoba wayeqotho futhi elungile njalo eyindoda elungileyo.

⁶⁶ Futhi ngiyakholwa uNkulunkulu uyakuza kuloba nguWuphi umuntu olungileyo, ngeyinye indlela, futhi akhombe ukwenza Kwakhe kulowo muntu olungileyo, kuleso sizukulwane, nxa lowo muntu ebizwe nguNkulunkulu kulesosizukulwane.

⁶⁷ Khathesi, kodwa kwakungajayeleki, babengakwanisi ukukubamba. Kodwa, izikhathi zonke, ukuvela mayelana leLizwi lesithembiso salesosizukulwane, konke lokhu ukungajayeleki.

Khathesi kulabantu abangahamba bebhoda, futhi besithi, “Awu, *lokhu* akujayeleki, lowo nguNkulunkulu. *Lokhu* akujayeleki.”

⁶⁸ Kodwa, uyabona, kumele kukhonjwe yiLizwi, futhi iLizwi nguNkulunkulu. Bona? Njalo isimilo senkomba leyi sikhomba ukuba kungubani, ngoba uNkulunkulu wathi, “*lokhu* kuzakwenzakala,” futhi kuyenzakala. Bona? Isimilo sakho yiLizwi likaNkulunkulu likhonjwa ngezimilo zalokho okwenzakalayo.

⁶⁹ Wathi ngensuku zokucina Yena uzathulula uMoya oNgcwele. Yena wakwenza. Izimilo zangakhona zakhomba ukuthi kwakungu Nkulunkulu, iLizwi Lakhe lithenjisiwe. Bona, lihlezi lizikhomba lona ngokwalo.

⁷⁰ Khathesi, izikhathi zonke, ngasikhathi sonke, uqondisa ilizwi, lapho nxa iLizwi likhulunywe ngokungayisikho. Sewake wananzelela? Kwakuyizinsuku zikaNowa, elaqondisa lesi sizukulwane sezesayensi, ukuthi uNkulunkulu wayezakuletha amanzi evela emazulwini. KwakunguMose, bona, lowo owaqondisayo lapho basebhelalisekile bonke phansi le eGibhithe, futhi lokunye konke, kodwa iLizwi likaNkulunkulu lalibuyile ukutshesigiswa. Futhi iQiniso leLizwi liqondisa impambeko.

⁷¹ Wothini ngilibuze. Singajula kancane lapha. Kangifanelanga ukutshumayela ngifundisa kumbe imfundiso, kodwa wothini ngilibuze into eyodwa.

⁷² UJesu waye eyiLizwi. Siyakwazi lokho. IBhayibhili yathi kwakunjalo. UJohane oNgcwele, isahluko 1, “Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, njalo iLizwi lalinguNkulunkulu. Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama lahlala phakathi kwethu.” Ulokhu eyiLizwi. Njaloke lapho Yena ebona imicabango yabo, babemele bazi ukuthi lelo kwakuyiLizwi, ngoba iLizwi likaNkulunkulu lathi yikho lokho Yena ayezakukwenza. Yena wayenguMphrofethi.

⁷³ Khathesi nanzelela, siyafumana ukuthi lapho Yena ezalwa, phose itshumi lambili yeminyaka yobudala, Yena waya emkhosini wamadokodo. Futhi babehambe khonale ePhasikeni. Njalo, endleleni yabo bephenduka, babehambe uhambo lwensuku ezintathu futhi balahlekelwa Nguye; bekhumbulela, becabangela, bengitsho, becabangela ukuthi Yena wayephakathi kwabantu bakibo.

⁷⁴ Singenza isifundo ngalokho. Kunjalo lalamuhla! Khathesi lina maMethodist, Bhaptisti, Presbyterian, Lutheran, maKhatoliki, loba liyini, bona, lenza into yinye. Liyacabangela ngoba ukuthi uWesley wayelemvuselelo enkulu, uLuther wayelemvuselelo enkulu, kumbe iPhentekhoste yayilemvuselelo enkulu, liyacabangela ukuthi uphathi kwabantu, lapho, ngezinye izikhathi Yena kakho lapho.

⁷⁵ Bahamba ukuyamdinga. Bamfumana ngaphi Yena? Lapho abamtshiya khona, eJerusalema. Futhi lapho bemfumana Yena, wayesenzani Yena? Umfana omncane, iminyaka elitshumi lambili ubudala, mhlawumbe engakaze angene esikolo okungedluli lokho unina Wakhe ayemfundise khona Yena; futhi nangu Yena ethempelini, ephikisana lalabo baphristi, mayelana leLizwi likaNkulunkulu. Futhi bamangala ngenhlakanipho yaluMntwana. Ngani? Waye eyiLizwi. Khathesi khangela.

⁷⁶ Futhi khathesi ngingaligconi linabantu bamaKhatholiki elibiza uMariya umama kaNkulunkulu, kodwa wothini ngilitshengise nje impambeko encinyane lapha. Nxa ibandla lakhiwe phezu kukaMariya, khangela okwenzakalayo. Khathesi weza wathi, “O, ubaba Wakho lami besikudinga Wena, ngezinyembezi.” Khangela leyonkulumo, waselahla ubufakazi bakhe. Wathi, “Uyihlo lami besikudinga Wena, ngezinyembezi.”

⁷⁷ Khangela lelo Lizwi. Yena waye eyiLizwi. Yena wathi, “Kalikwazi yini ukuthi kumele ngibe semsebenzini kaBaba Wami?” Khangela iLizwi liqondisa impambeko. Khonapho phambi kwalabo baphristi, wona ubufakazi bakhe. Wathi wayekhulelwe ngoMoya oNgewe, futhi lapha uthi uJosefa ungu “baba” Wakhe. Bona leloLizwi likubamba ngokuphangisa? Waye eyiLizwi. Khathesi, uyakwazi umfana oleminyaka elitshumi lambili angeke akwenze lokhu. Yena waye eyiLizwi. Waye eyiLizwi elikhuluniweyo laleso sizukulwane, ngakhoke izimilo ezikhonjiweyo zikaNkulunkulu zazikuKhristu. Yena waqondisa izimpambeko. Wathi. . .

Bathi bona, “Ngani, singabafundi bakaMose.” Bona?

⁷⁸ Yena wathi, “Aluba lalingabafundi bakaMose, lalizangazi Mina. Waloba Ngami. UMose wathi, ‘INKosi uNkulunkulu wenu izalivusela uMphrofethi onjengami.’ Belizangazi Mina aluba belisazi uMose.”

⁷⁹ Futhi, bona, iLizwi izikhathi zonke liqondisa impambeko yosuku. Kodwa abantu abathandi ukukukholwa. Bayabambelela kuphela, loba kunjalo.

⁸⁰ Kodwa uJesu waqondisa umama Wakhe. Futhi umama Wakhe wayesempambekweni, ngoba wayevele esetshilo ukuthi lowo kwakunguMntwana owayekhulelwe kuye ngoMoya oNgwele, futhi lapha yena uyaphendulela ubufakazi bakhe wathi ukuthi uJosefa waye engu “yise,” wakhe waye enguyise ka—kaJesu. Khathesi nxa—nxa uJosefa . . .

⁸¹ Aluba waye eyindodana kaJosefa, nxa Yena waye esemsebenzini kayise Wakhe, Waye ezabe eseshopu yokubaza.

⁸² Kodwa Yena waye esemsebenzini kaBaba Wakhe, khonale eThempelini, ekhalimela lezozinhlanganiso. Bona? Waye esemsebenzini kaBaba Wakhe, uMfana nje oleminyaka elitshumi lambili. “Kalikwazi yini ukuthi kumele ngibe semsebenzini kaBaba Wami?”

⁸³ Uke wananzelela lapho uJesu elingwa nguSathane? Isimilo Sakhe lapho, lapho Yena esekulingweni Kwakhe, kwamkhomba Yena ukuba nguNkulunkulu, ngoba Yena wahlala leLizwi. Bona? “Kulotshiwe,” watsho uSathani.

UJesu wathi, “Kulotshiwe futhi,” wahlala leLizwi.

⁸⁴ “UNKulunkulu, ngezikhathi zasemandulo,” siyafunda lapha. “UNKulunkulu, ngezikhathi zasendulo,” yizikhathi zakudala, “ngendlela ezinengi,” indlela ezinengi, “wazikhomba Yenangokwakhe kubaphrofethi Bakhe ngemibono.” Lokho kwakuyisimilo somphrofethi, kwakuyikuba lapho ekhuluma phambilini izinto futhi kwenzakale. Khathesi lokho kwakuyisimilo sesiboniso sakhe, esokuthi uNkulunkulu wayelaye. Ngakho lokho kwamnika amalungelo okuchasisa iLizwi lalolosuku, ngokuba, “iLizwi likaNkulunkulu liza kubaphrofethi,” isimilo somphrofethi, leso asikhuluma Yena phambilini.

⁸⁵ IBhayibhili yathi, “Uba ekhona oyedwa, futhi lokho akukhulumayo kusenzakala, ngakho umzweni yena; kodwa, uba kungenzakali, lingamkholwa, lingamesabi yena, kodwa Elami . . . nxa—nxa Elami iLizwi alikho kuye. Kodwa nxa ligcwaliseka, ngako iLizwi Lami likuye.” Yiso isitshengiselo sakhe. Yiso isimilo somphrofethi.

⁸⁶ Khathesi, uNkulunkulu, ngezikhathi zasemandulo, yikho atshengisa ngakho Yena izimilo Zakhe zokuzitshengisa Kwakhe emuntwini, ngokukhuluma ngomuntu lowo owayebizwe ukuba ngumphrofethi. Khathesi, iBhayibhili itsho njalo, “UNKulunkulu, ngezikhathi zasendulo, ngendlela ezinengi, wakhuluma kubobaba ngabaphrofethi.”

⁸⁷ Siyafunda futhi, ngale kuPhethro weSibili, ukuthi lonke iLizwi likaNkulunkulu lalotshwa yibo. “Amadoda akudala,

beqhutshwa nguMoya oNgwele, baliloba iBhayibhili.” Babengabaphrofethi. ILizwi leza kubo futhi baliloba Lona, baliloba phansi, ngaphansi kokuphefumulelwa. Okokuqala babengabaphrofethi abakhonjiweyo, ngakhoke ba—baloba iLizwi lokuholwa, futhi babelencazelo yesambulo sikaNkulunkulu ngoba kwakunguNkulunkulu phakathi komuntu.

⁸⁸ Khathesi yiyo indlela azitshengisa Yena ngayo Ngokwakhe ngezimilo Zakhe zokuzitshengisela, imibono yabo yabe iqinisiwe, kwakuyizimilo zikaNkulunkulu phakathi kwabo, ezazisa Ngokwakhe ebantwini.

⁸⁹ Khathesi, yiyo kuphela indlela Yena ayeyiyo kuKhristu. Umphrofethi wayelithonsanyana. UKhristu waye eyikugcwala kukaNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu waye ekuKhristu, ebuyisana lomhlaba kuye ngoKwakhe. Futhi izimilo Zakhe zamkhomba Yena, lokho Yena ayeyikho, okokuthi wathi Yena, “Nxa Ngingenzi imisebenzi kaBaba Wami, ngakho lingakukholwa. Nxa Ngingela isimilo sikaBaba Wami, ngakho lingangikholwa Mina, Lingakholwa ukuzitsho Kwami. Nxa ngingela isimilo sikaBaba Wami phakathi Kwami, ngakho lingakukholwa, lakanye.”

⁹⁰ Khathesi, izimilo Zakhe kaziguquki lakanye. UNkulunkulu akangeke aguqula izimilo Zakhe, kungengaba—ngaba njenge—njenge wundlu lingeke laguqula isimilo salo, kumbe loba yiphi enye into engaguqula izimilo zayo. Ngokuba, nxa kuphela isesimweni sokuqala, isimo sokuqala. Futhi nxa utshintsha loba yiluphi ulutho, ngakho uyabe uluguqule kusuka esimweni sakuqala.

⁹¹ Kufanana lokuba uthathe i—ingulube, futhi ungayigeza ingulube njalo—njalo ufake leyo penda enkumbeni zayo, njengabafazi bekwenza, futhi uyilungise ngependa yomlomo, futhi uyigqokise isigqoko esihle. Ikhulule leyo ngulube ensikazi, iqonda khona edakeni, futhi azabhiqe njalo. Ngani? Uyingulube, yikho kuphela. Kodwa, futhi, kodwa, uyazi, ungeke wenze . . .

⁹² Iwundlu lingeke likwenze lokhu. Angeke angene lokungena kulolo daka. Kafuni ukwenza ulutho ngalo. Yisimilo sakho. Bona? Ungamgqokisa ngohlobo lunye lwezigqoko, kodwa ngeqiniso akasoze, ngeqiniso kasoze ahambe. Ingaphandle kayilandaba; yingaphakathi. Khathesi, uNkulunkulu engumthombo wempilo yonke . . .

⁹³ Ungehluleki ukukubamba lokhu. Ngiyazama, ngakho konke okukimi, ukulenza libone ulutho. Bona? Kusekulungeni kwenu, bangane. Kungenxa—ngenxa yenu. Bona?

⁹⁴ Angizange ngibuye lapha ukuzobonwa nje. Angizange ngize lapha, kwakungela enye indawo yokuya. Ngize lapha ngoba ngizwe ukuthi ngize lapha. Ngizwe ukuba inkonzo iNkosi engiphe yona kumele itshengiswe phakathi kwabantu

lapha, futhi ngizama ukulenza libone ukuthi uNkulunkulu ngeqiniso uyini khathesi. Yena uyiLizwi Lakhe elithenjisiweyo. Uhlezi Yena eyiLizwi, futhi uyazikhomba Yena Ngokwakhe ngezimilo azithembisileyo Yena. Isimilo esithile sasizaphakama ngesikhathi esithile, esiseLizwini, ngakho isimilo salumuntu omele aphakame siyakhomba ukuthi lowo nguye lumuntu.

⁹⁵ Yiso isizatho uJesu waba Nguyena owaba nguye Yena. Kwakumele ukuba ngabe bakubona. Akumangalisi babeyiziphofu. Into yona...Wathi, loba Yena wayeyenze izimangaliso ezinengi, kunjalo babengelakukholwa, ngoba uSaya wathi, “Balamehlo futhi kababoni, lendlebe futhi abakwanisi ukuzwa.” Bona? Isizukulwane ngasinye, hatshi kuphela eSakhe isizukulwane; kodwa zonke izizukulwane, njani, “UNkulunkulu, ngezikhathi zemandulo, ngamathuba amanengi,” kunjalo babengalakukubambisisa.

⁹⁶ Khathesi, izimilo Zakhe kazehluleki. Zihlezi zifanana. Khathesi, khumbula, isimilo Sakhe, isimilo sikaNkulunkulu, singeke sehluleke. Singaba njalo, uNkulunkulu uyabe esehlulekile. Futhi iBhayibhili yathi, kumaHebheru 13:8, ukuthi, “UJesu Khristu uyafana izolo, lamuhla, futhi laphakade.” Ngakhoke, Yena unguNkulunkulu ongaguqukiyo. Loba yisiphi isimo Yena ayeyiso sona ekuqaleni, Yena ulokhu eyiso simo esifanayo. Indlela yonke Yena asebenza ngayo, loba yisiphi isikhathi Yena enza ulutho, Yena ukwenza ngendlela efanayo isikhathi sonke. Nxa engakwenzi, isimilo Sakhe sesiguqukile, bona, futhi izimilo Zakhe ziyakukhanyisa ulutho olungasilo lukaNkulunkulu. Bona? Ngakho singeke sibekwazi ukuthi ngaphi...

⁹⁷ Njengoba uPhawuli watsho, “Nxa uphondo lukhupha umsindo ongazwakaliyo, ngubani ozabakwazi ukulungiselela impi, nxa uphondo lukhupha umsindo ongazwakaliyo?” Khathesi nxa uphondo lufanele lukhale “hlehla,” yikho lokho okumele sikwenze, hlehla. Nxa uphondo lukhala “hlasela,” yikho okumele sikwenze, yikuhlasela. Kodwa luyini uPhondo? YiLizwi likaNkulunkulu. Likhomba uNkulunkulu, loba kuyi—loba kuyi “yana phezulu, hlala phansi, hlehla, buthelela izikhali,” loba kuyini. Yikukhala koPhondo lukaNkulunkulu.

⁹⁸ Futhi ukukhala okungazwakaliyo, nxa iBhayibhili ikhuluma into ethile ifanele ukwenzakala; omunye umuntu athi, “O, lokho kwakusuka kolunye usuku, lokho.” Ngakho kulokukhala okungazwakaliyo lapho. Ngakho awukwazi ukuthi wenzeni.

⁹⁹ UJesu wathi, “Ngilamandla okubeka phansi ukuphila Kwami futhi ngikuvuse njalo.” Akukho ukukhala okungazwakaliyo lapho.

¹⁰⁰ Umfazi wathi, “Siyazi uMesiya uyeza; futhi lapho Yena esiza, Yena uzasitshela izinto njengoba Yena esitshelile.”

101 Yena wathi, “Mina ngiNguye.” Akula kukhala okungazwakaliyo lapho. “Mina Nginguye.” He-he! Amen.

Bona bathi, “O baba bethu badla imana enkangala.”

102 Yena wathi, “Bona, bonke babo, bafa.” Yena wathi, “Kodwa Mina ngiyiSinkwa sokuPhila lesa esehla sivela kuNkulunkulu sivela eZulwini.” Akula kukhala okungazwakaliyo. “NgiyiSihlahla sokuPhila, ensimini ye Edeni.” Akula, akula kukhala okungazwakaliyo ngalokho. Ngitsho lakanye. Akulalutho olungazwakaliyo ngakho. Wayezwakala kuyo yonke into ayeyenza Yena.

103 IBhayibhili kayiphi ukukhala okungazwakaliyo. Iyakhomba isimilo sikaNkulunkulu ekuzwakaleni kwayo.

104 UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 10:37, “Nxa ngingenzi imisebenzi kaBaba Wami, ini...futhi kangila lesa similo sikaBaba Wami, ngakho lingangikhola Mina. Yiyo Yona, Iyakhomba isimilo Sakhe Kimi, izimilo Zakhe.”

105 Ngoba, uBaba uyiLizwi, “Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, njalo iLizwi lalinguNkulunkulu,” futhi isimilo sikaNkulunkulu sibonakaliswa ngesithembiso Sakhe salesosizukulwane.

106 Khathesi nxa wayephile ngesikhathi sikaMose, kwakungasoze kusebenze. Futhi nxa uMose wayephile ngesikhathi Sakhe, kwakungasoze kusebenze. Aluba Waye ephile ngesikhathi sikaNowa, kwakungasoze kusebenze, kumbe aluba uNowa waye ephile ngesikhathi Sakhe. UNowa wayephrofitha ngezinto zalolosuku, futhi lesimilo sakhe lalokho akwenzayo kwamkhomba kanye leLizwi likaNkulunkulu. UMose wenza into efanayo.

107 Futhi nangu uJesu esiza, njalo iLizwi elathenjiswa kulesosizukulwane latshengiswa kuJesu Khristu ngezimilo zeLizwi, okunguNkulunkulu. Amen.

108 Ukuthululwa kukaMoya oNgcwele, ngensuku zokucina, phezu kwabantukazana, kukhombe isimilo sikaNkulunkulu labantu. Wakuthembisa Yena. YiLizwi. Wathi Yena uzakukwenza. Akulamuntu ongakususa. Yena wathi uzakukwenza.

109 Ngakho zonke lezi izinto azithembisileyo Yena, yikho akwenzayo Yena. Kukhomba izimilo Zakhe. Yebo, mnumzane. “Ungakukholwa khona, ungakholwa ukuzitsho kwami, nxa isimilo Sami singayisiso lesa esikaNkulunkulu.”

110 Khathesi nanzelela kuJohane 14:12, “Lowo okholwa Yimi,” Yena wathi, “ulesitshengiselo Sami, isimilo Sami. Lowo okholwa Yimi, imisebenzi leyo eNgiyenzayo laye uyakuyenza.” Lokho kuyakhomba ukuthi isimilo sikaKhristu sikuye, ebonakalisa isimilo Sakhe. Amen.

111 Ngizwa ngikholwa okwakhathesi, nxa ngiheleza. Yebo, mnumzane. O, he! Bona, kakulampambeko mayelana Lakho! IMpilo Yakhe! “Lowo okholwa Yimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uyakuyenza.” Bona, lokho kuyakhomba isimilo.

112 Into efanayo ayitshoyo Yena: “Nxa isimilo Sami singangikhombi Mina,” uNkulunkulu eku—ekuYe, ngakho Yena . . . ungamkholwa Yena. Khathesi, Yena wathi futhi ukuthi Yena uzakukhonjwa kulokho. Ngakho, lokho, nxa kungakhombi Yena, ngakho Yena akasikho lokho athi uyikho Yena.

113 Njalo, lamuhla, nxa uKhristu engazikhombi Yena ngokwakhe, isimilo sikaKhristu, siyasikhomba thina njengabakaKhristu ukukholwa iLizwi . . . UJesu waye eyiLizwi, ngakho Waye emele akholwe iLizwi. Njalo singatsho kanjani ukuthi singabakaKhristu, futhi siphika loba yililiphi iLizwi lalaloBhayibhili? UMoya oNgewele kaKhristu nguNkulunkulu ekuwe, futhi liyakusabela sonke isithembiso ngo “Ameni.” IBhayibhili yathi, “Lezi izibonakaliso zibalandela abakhulwayo.” UMoya oNgewele kaKhristu nguNkulunkulu ekuwe, futhi uzakusabela sonke isithembiso ngo “Ameni.” IBhayibhili lathi, “Lezi izibonakaliso zizakubalandela abakhulwayo.” UMoya kaNkulunkulu wathi, “Ameni.” Bona?

114 Omunye wabo katsho ukuthi, “Hatshi, lokho kwakungokolunye usuku; kwakungokwabafundi kuphela.”

115 “Yanini kuwo wonke umhlaba njalo litshumayele iVangeli kuso sonke isidalwa. Lowo, lobangaphi umhlaba wonke, lowo okholwayo, lezi izibonakaliso ziyakumlandela yena, into yinye efanayo.” “Uyafana izolo, lamuhla, njalo laphakade,” isimilo sikhonjwa.

116 Lokho kwenza amaHebheru 1:1, “UNkulunkulu wezikhathi zasemandulo, ekhuluma kubobaba ngabaphrofethi,” ekhomba uKhristu, evukile ekufeni lamuhla, ngesimilo esifanayo leso asenzayo Yena ngezikhathi zasendulo. Linanzelele yini? UNkulunkulu kaguquli indlela Yakhe.

117 EBhayibhilini elidala, lapho umphuphi ephupha iphupho, futhi kungela mphrofethi elizweni ukubona ukuba leli iphupho laliqondile kumbe hayi, babe leyinye indlela yokufumana. Bathatha lesosimilo, loba engubani owaphupha iphupho, bamusa ethempelini. Isambatho sesifuba sika Aroni, owaye engumphristi omkhulu, salengiswa emgubazini. Futhi lumpuphi wakhuluma leli iphupho. Kungelani ukuthi lalizwakala kuhle njani, lalizwakala liqotho; nxa kwakungazange kube lokuKhanya okungasikho kwemvelo okwakhanyisa lawomatshe, okubizwa ngokuthi iUrimi Thumimi (Abafundi beBhayibhili bayazwisisa), ngakhoke, kangilandaba ukuthi kwakuzwakala kuqotho njani, kwakungenjalo. Ukungajwayeleki kukaNkulunkulu, isimilo sikaNkulunkulu,

sasimele sitshengise isimilo Sakhe ngokungekho emvelweni, ukutshengisa ukuthi uzikhombile Yena ngombiko. Amenii.

¹¹⁸ Ngitsho into efanayo kulobubusuku. IUrmi Thumimi endala kayisekho, kodwa iLizwi lilokhu liyinto leyo ekhomba isimilo sikaNkulunkulu, isithembiso salesi isikhathi esiphila kuso. Kulesimilo sikaNkulunkulu esikhonjwa ngesithembiso sehola lelo esiphila kulo.

¹¹⁹ Lokho kwenza uNkulunkulu afanane lalokho Yena ayeyikho. “Ngezikhathi zemandulo,” khangela, “ngamathuba amanengi, Yena wakhuluma kubobaba ngabaphrofethi.” “Futhi umthetho labaphrofethi kwakukhona kwaze kwabanguJohane; kusukela lapho, uMbuso weZulu.” Nanzelela, “Kodwa kulolu usuku lokucina,” ekhuluma into efanayo Yena ayezayo ngalesosikhathi, “ngeNdodana Yakhe uKhristu Jesu.” “UNkulunkulu, ngezikhathi zemandulo, ngamathuba amanengi, wakhuluma kubobaba ngabaphrofethi; kulolu usuku lokucina,” esenza into yinye efanayo, “ekhuluma ebantwini (obaba) ngeNdodana Yakhe uKhristu Jesu.” Umvusile Yena kwabafileyo, futhi Yena uyaphila phakathi kwethu, ezikhomba Yena ngokwakhe futhi esitshela ngaphambilini izinto, ukuthi Yena ungumdaluli wemicabango lenhloso zenhliziyoy. UJesu Khristu onguye izolo, lamuhla, futhi laphakade! “UNkulunkulu, ngezikhathi zasendulo futhi langamathuba amanengi wakhuluma kubobaba ngabaphrofethi, kodwa kulezi insuku zokucina ngoJesu Khristu iNdodana Yakhe.” UMBhalo ungeke uguqulwe. Kunjalo sibili.

¹²⁰ Njengoba ngitshilo ekuqaleni, uNkulunkulu kadingi lobangubani ukuchasisa leliLizwi. Uyachasisa Yena ngokwakhe iLizwi Lakhe. Lapho Yena ekhuluma ulutho, luyenzakala, yiyo incazelo. Bona? Yena kadingi bani ukuthi athi, “Awu, ngiyakholwa khona kutsho *lokhu*.” UNkulunkulu ukukhomba khona ngencazelo Yakhe Yena.

¹²¹ Kuyikuba, nxa isithembiso singesalolosuku, singeke siphile ekukhanyeni kuka—kuka—kukaLuther, singeke siphile ekukhanyeni kukaWesley, singeke siphile ekukhanyeni kwabo bonke labo. Kumele siphile ekuKhanyeni okuthenjisiwe kulolusuku.

